



Growing up in a time of AIDS: Abaqophi basOkhayeni Abaqinile Children's Radio project

Sashay' isitebhu sangempela/ A really Grand March Ziphezinhle, 12 years old, 2007

Ziphe: Igama lami ngiwu Ziphe, isibongo ngowakwa Gumedede, ngihlala eMathayini, ngifunda Okhayeni, ngineminyaka eyi 12.

My name is Ziphe, my surname is Gumedede. I live in Mathayini. I attend school at Okhayeni. I am 12 years old.

SFX: umculo – keyboard music

Ziphe: Usuku olwangijabulisayo kungalesikhathi kushad'ubhuti ngoba, sasihamba ngemoto, sasuka lapho-ke bathi asigez' ekuseni sageza, sageza, sageza bathi asisheshise sashesha.

Sasuka lapho-ke zafika lezimoto zalaph' afundisa khona, sasuka lapho-ke safaka amaNewspaper phakathi sagqoka lezicathulo esasizoshaya ngazo istep abasithengelile.

Ngajabula nje ngoba sasigibele izimoto ezinzima ezikahle izimoto ngangiqala nje nokuthi vele vele ngigibele imoto enzima kanje. Zaqashwa uye ubhuti ezabothisha afundisa nabo.

Kuthi uma ekathisha uDube ihamba ngapha ngasesandleni sesinxele, ihambe le ekathisha omkhulu ihambe ngapha ngasesandleni sokudla ihambe ijika ithi. Uma esebuyela kuright side, le ekathisha uDube iphinde iye ngapha lapho kade kukhona eyakaMngo.

Sahamba kwaze kwaqhamuka ama-traffic cop, ababona ukuthi benzani, babamisa labantu abayi-2. Bamfaka ithikithi. Kwasuke lapho le esasiyigibelile lowomama owayeshayela wathi yena ugeza ngobisi yingakho nje yena bangamtholanga.

Safika ko-skwiza, basasendlini basaqeda ukugqoka. Wayegqoke nje ingubo ende emhlophe eshaya la iveyili. Sathi uma sifika khona ngapha esontweni bathi asingene sishaye isitebhu. Sangena thina igenge encane sasibawu-4 silandelana. Ngangiswenkile nje kukahle. Ngigqoke kahle nje ngizilungisile. Sigqoke amasudu amnyama, ngangigqoke izicathulo ezimnyama eziwu 4-khonala phambili.

The day that made me happy was at the time of my brother's wedding because we went by car. [In the morning] they told us to bath, and we bathed and bathed, and they told us to hurry, and we hurried.

After that, the cars came from where [my brother] teaches: they put newspapers inside [because of our muddy shoes] and we wore the shoes that they bought for us to dance the [wedding march] in.

I was happy because we were riding in such posh cars. It was my first time to ride in such a posh car. My brother hired them from the teachers he works with.

When Mr Dube's car went to the left, the principal's car would go to the right and it so it went on with the cars swaying down the road..

We went on [driving like this] until the traffic cops came along and saw what we were doing and stopped two of [our cars] and gave them a traffic fine. The woman who was driving our car said that the reason she didn't get a ticket was because she bathes in milk.

We came to my sister-in-law's home. They were still in the house getting dressed. She was wearing a long dress with a veil. When we arrived at the church they told us to go in and do the wedding march.). We, the gang of young ones, went in one after the other; there were four of us. I was so nicely dressed up. We were wearing black suits and I was wearing black shoes that have 4 corners in the front.

SFX: umsindo wezinyoni – birds chirruping

Ziphe: Lapha sise-Ndumo Lodge ngesikhathi kuwumshado esasishuthela khona. Lapha sesifikile e-swimming pool lapha esashuthela khona izithombe. Uma ngicabanga ngalolosuku ngiye ngikhumbule nje sesiyoshutha sesibukela i-TV.

Ngikhumbule sesigibele esitezi. Vele, vele nami ngangiqala ukugibela esitezi, lwangisiza lolosuku ngoba gangiqala futhi ukushutha ngise-swimming pool.

Here we are at Ndumo Lodge where we took photos during my brother's wedding. We are next to the swimming pool where we took photos. When I think about that day I remember when we were having photos taken and we were watching TV.

I remember when we went upstairs. Really, it was the first time I had ever gone upstairs, and it was the first time I had ever had photos taken next to a swimming pool.

SFX: umsindo wabafundi esikoleni – learners reciting in class

Bonginkosi: NgiwuBonginkosi wakwaGumede, iseMathayini ekhaya. uZiphe umfana wakithi ozalwa umamncane, ngeshwa-ke akasenaye umama sewashona uma wakhe so-ke uma-ke umzali osizalayo nami njengobhuti wakhe ngiyam supporter lapho adinga khona usizo.

I am Bonginkosi Gumede, my home is at Mathayini. Ziphe is my little brother. He is my father's younger wife's son. Unfortunately he no longer has a mother, his mother died. He is taken care of by our father, and as his brother I support him when he needs help.

Ziphe: Ngicel' ukubuz' ukuthi washada nini?
When did you get married?

Bonginkosi: Umshado wami wawusekhaya eMathayini ngo 2005 December.
The wedding was at home in Mathayini in December 2005.

Ziphe: Lwabanjani?
How was it?

Bonginkosi: Labayimpumelelo kakhulu, lwaba yinjabulo enkulu kimina engangokuthi angisoze ngalukhohlwa. Yonk' into eyayenzeka ngalolosuku lolo yayimnandi

ngalendlela exakile. Okungangokuthi kusukela ngalolosuku ngazizwa ngiwu mnumzane ngokugcwele, ngiyabonga.

The day was a big success. I will never forget what a joyful time it was. Everything that happened that day was wonderful. I felt like a true gentleman, thank you..

Ziphe: Yini into wena eyakujabulisayo ngalesikhathi ushada?

What made you happy on your wedding day?

Bonginkosi: Ngajatshuliswa ukuthi umshado wami waba yimpumelelo. Ukushada kwami kwangenza umuzi wami enginawo ube umuzi ngokugcwele. Kanti ngenkathi ngingakashadi kwakuwumuzi nje onezindonga nezindlu akukho okwakungijabulisa ngenkathi ngingakashadi.

What made me happy is that my wedding was a success. My marriage made my house into a proper home. Before I got married, it was a just a house with walls and rooms; nothing made me happy before I got married.

Ziphe: Mina wangikhethelani ukuthi ngibe yi Pageboy?

Why did you choose me to be a page boy?

Bonginkosi: Ikhono lakho engalibona ukuthi uma kukhona okwenzayo okuwumdanso u-active so lokho-ke kwangisiza ekutheni ngisheshe ngibone ukuthi cha nathi ekhaya kithi sinabo nathi abantu abangakwazi ukwenza izinto zibe zinhle.

So-ke nendlela owawushaya ngayo istep kwenz' ukuthi ngizibone ukuthi angilahlekanga kakhulu, ngoba lomsebenzi owawenza waba muhle kakhulu. Ungomunye nje owabamba iqhaza ekutheni umshado wami ube muhle.

The reason I chose you is that I could see that you had a good dancing rhythm and that you are active and this helped me to see that there was someone in my family [you] who could make my wedding into something beautiful. The way you did the wedding march with such rhythm made you one of the people who played a big role in making my wedding so beautiful.

Ziphe: Lolosuku lwaba mnandi kunazo zonke izinsuku. Noma lukhona olwaba mnandi mhlampe noma lwabamnandi kodwa alubangamnandi njengalolo ngalesikhathi kushada ubhuti.

That day was the best day of my life; even if there are other good days there will never be a day as wonderful as the day my brother got married.

SFX: umculo – keyboards playing a wedding march



For further information contact:

Helen Meintjes
HIV/AIDS Programme, Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Bridget Walters
Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500

Web: www.ci.org.za/depts/ci/prg/radio_project/index.htm